HEALTH
KwaZulu-Natal

ISIBANI NEWSLETTER...

October—December 2009

# Hlabisa Hospital

## FROM THE CEO'S OFFICE



MRS D.L.L. ZUNGU—CEO

The festive season is here once more. There are a lot of good and bad things that happens during this time. The birth of Jesus Christ brought new beginnings in the lives of many people. May these period be blessed in our lives, both at work and within our families.



Hlabisa Hospital has had challenges and a huge staff turnover due to budgetary constraints. However, we were able to provide services making use of the available resources.

The management committee extend their gratitude to all health workers who worked tirelessly to make Hlabisa Hospital best place.

May you have a joyous holidays and a blessed Christmas and a prosperous new year (2010) which everyone have been waiting for.

God bless you all as you begin the new year

**WISHING YOU MERRY CHRISTMAS AND A PROSPERIOUS NEW YEAR.**






Inside this issue:


| | |
|---|---|
| FROM THE CEO'S OFFICE | 1 |
| NEW KHULA VILLAGE CLINIC | 2 |
| PLAY ROOM IN B _ WARD | 3 |
| X—RAY EQUIPMENTS | 4 |
| BATHO PELE CHAMPIONS | 5 |
| FROM THE PRO'S DESK | 5 |
| COMMUNITY EDUCATIONON—SWINE FLU | 6 |
| COMPLEMENTS FROM THE COMMUNITY | 7 |
| MANTULI—ZUMA'S VISIT | 8 |
| MEC'S VISIT AT MACHIBINI & SOMKHELE CLINICS | 9 |
| R . I. P'S— 2009 | 10 |
| RETIREMENTS—2009 | 10 |
| INKONZO YOKUVALA UNYAKA—2009 | 11 |
| BEST WISHES FOR NEW YEAR -2010 | 12 |

# NEW KHULA VILLAGE CLINIC




Lendawo yayiyihlathi futhi ingenayo umtholampilo oseduze ngaphandle kukamahamaba nendlwana nawo obuyaye ume kulelibala umphakathi ukwazi ukuthola usizo lwezempilo.

Lomtholampilo osanda kwakhiwa uqophe umlando ngobuhle bawo oye waba izilungiso zelena eminye imitholampilo odle ngubuhle nangobukhulu.




Umphakathi wakulendawo (Khula Village) ukhombise ukuwuthokozela lomtholampilo kwazise phela abasezukuhamba ibanga elide uma bedinga usizo lwezempilo. Ukwakhiwa kwalomtholampilo kuthathe cishe isikhathi efushane uma uqhathanisa nezinga lawo Ubuhle nobukhulu bawo. Umphakathi osizakala kulomtholampilo ubalelwa ku ……………….




Nakuba isimo sezezimali singesihle futhi nabasebenzi benganele ezikhungweni kodwa isibhedlela sikwazile ukuncozula abanye babasebenzi ukuze lomtholampilo ukwazi ukusebenza. Amanesi kanye nabanye abasebenzi baye bacelwa ukuba balekelele kulomtholampilo osemusha kuze kulungiseke isimo .

Nezinsiza kusebenza nazo kunjalo ziye zatholakala yize Kusalandelwa umgudu wokuthenga futhi nesimo sezimali singavumi.

Ngenxa yokuthatheleka phezulu kwabasebenzi , asibangabikho isikhathi sokuthola izindawo zokuhlala kodwa kwabe sekuba nezinhlelo zokubahlalisa e-Nurses Home okwesikhashana besacinga indawo yokuhlala kwazise abasebenzi akubona abendawo bangabokufika kanti futhi ukuthola indawo yokuhlala kudinga isikhathi nalapho umuntu ezozizwa ekhululekile ukuhlala khona nangokomsebenzi.




**Lena ingxenye yezindlu zokuhlala abahlengikazi ekhona futhi egcekeni lomtholampilo.**

# NEW PLAY ROOM FOR CHILDREN IN HLABISA HOSPITAL



Sometimes we receive blessings through our good things that we do for the community. This play room is situated in B—Ward and it was donated by Dr Copelyne who was the Pediatrician here at Hlabisa Hospital and she believed that children need to play. Even though these young ones are sick and admitted in the hospital but they enjoy being in the playroom with different toys which also help their minds and their physical activities. They usually play during all dressings and procedures are done. Phela omambana baze bakhohlwe ngisho ukuthi kodwa kuyadliwa uma sebedlala, ukube kuya ngabo ngabe balala khona lapha endlini yabo yokudlala ngoba phela kunezinto zokulala lapho belalisa khona onodoli babo ngesikhathi bedlala. Ukudlala lokhu kubalekelela kakhulu emiqondweni nasekwazini ukulungisa emakhaya. Bayaye bafundiswe futhi nangokuqoqa endlini lapho baye bethi uma sebehliphize kwagcwala indlu, bese befundiswa ukuqoqa ngononina, okwasekhishini, endaweni yokulala, endaweni yokuphumula etc.



Children playing in the play room

**The hospital wish to thank Dr Copelyne and Africa Centre who assisted in this playroom with all different toys. It is also furnished according to the children's needs. It also have story books for them to read and look pictures.**


**In order to keep this playroom clean, children are monitored and there are rules for them while playing e.g. no eating in the playroom. They all know the rules. they even remind each other before going there to play.**



Dr. Copelyne the Peadiatrician who donated the playroom facilities

Ngaphambilini lesisibhedlela besisebenzisa lomshini okuyiwona odinga ama

# NEW X-RAY MACHINES AT HLABISA HOSPITAL



Old X-Ray Machine



New X-Ray Equipment

**Bones showed on screen in new Equipment**




Film okuyaye kuthi uma engekho noma amanzi engekho kube khona ukuphazamiseka ngokusebenza. Bekuyaye kuthi nxa amafilimu engekho kume nse ukusebenza e—X-Ray ngalesosikhathi asuke esayocelwa nakwezinye izibhedlela ezingomakhelwane.

Njengoba indawo yakwa-Hlabisa iyindawo esenkingeni yamanzi, uma engekho ngokunjalo nayo i-X Ray isuke ingakwazi ukusebenza ngoba lomshini udinga ukusebenza ngamanzi. Bekuyaye kuthi uma kwenzekile isithombe sesiguli sangatholakala, lokho kusho ukuthi lesosiguli asisenayo imininingwane yaso.

Imishini emisha yona igcina yonke imininingwane yesiguli kuyona ngaphakathi okwenza ukuthi konke kuhlale kutholakala ngaso sonke isikhathi. Isithombe sibonakala kwu-sreen lokho okunciphisa izindleko zokusikhipha (print). Lomshini wona uthuthuke kakhulu kunalona omdala kodwa ke nalo omdala nawo uyasebenza.

# HLABISA HOSPITAL BATHO PELE



Batho Pele Champions of the hospital in the workshop facilitated by PRO and Acting Quality Assurance Manager (Mrs. M.V. Dlamini)

Following the Batho Pele Train the Trainer Workshop facilitated by DBSA in August 2009 attended by the Public Relations Officers and Quality Assurance Managers, Hlabisa Hospital did not wait for another training except implementing the Batho Pele trainings in the hospital.

As per the district plan, trainings/workshops started with Management and Extended Management then to units and sections. Batho Pele Champions were selected amongst the trainees so that the Batho Pele information be cascaded to the entire hospital. Champions were from the different sections / units e.g. Nursing Component, Finance, Systems, Paramedics, Security, Nursing School, Admin and Maintenance. The Batho Pele Co-ordinator was then chosen amongst them.

## HLABISA HOSPITAL BATHO PELE CHAMPIONS



Mrs. O. Manyanga Nursing component



Mr X. Xulu—Finance component (BP Co-ordinator)



Mrs M.V. Dlamini Acting Quality Ass. Manager



Mr T.M. Ndlazi Systems Component



Ms D.M.N. Mbatha HRD Practitioner



Mr S. J. Mkhize F. M. Officer



PRO facilitating the workshop



Ms S. Ngobese Paramedics



Mr S. B. Xaba Maintenance Section

TOGETHER, BEATING THE DRUM OF SERVICE DELIVERY



Ms N.H. Mvubu - PRO

# FROM THE PRO'S DESK

Sooner we've been complementing for the "new" year 2009 which will sooner be the last year as we approaching 2010. This office wish to thank Hlabisa Hospital Management, Sectional Heads, staff from the entire institution including clinics and all stakeholders for the support and the well functioning of the hospital. During the year 2009,This office had both challenges and achievements. One of our achievements is to have the hospital board in place. I'll also like to thank the quality team, Batho Pele Champions and the events management committee for the support. This office also wish to thank the community of Hlabisa Sub-district for their commitment in improving service delivery by bringing forward complaints and complements. Hlabisa hospital is one of the hospital which has been selected to participate in the "Make Me Look Like A Hospital Project. Complaints and complements are always welcome in this office. This office wishes everyone including you who is reading this article a Merry X-Mass and a Prosperous New Year. Remember! As Hlabisa Hospital " We Belong, We Care and we Serve" All the Best!!!

# UMPHAKATHI WAKA - HLABISA NAMAPHETHELO UYAFUNDISWA NGESWINE FLU KANE NEZINDLELA ZOKUXHUMANA NESIBHEDLELA



Umphakathi owawuthamele lolusuku

**Ngomhlaka 19 ku November 2009, ihholo lakwaHlabisa (Amakhosi Hall) laligcwele liphuphuma Abantu bengangozulu eya emakheni lapho umphakathi wawuthamele usuku lwabalimi nalapho isibhedlela sisibambe iqhaza lokufundisa umphakathi nge Swine Flu kanye nezindlela zokuxhumana nesibhedlela futhi nezindlela zokudlulisa ukungagculiseki ngesibhedlela (Complaints Mechanisms).**

Lolusuku lwaluyinhlanganisela yezinhlaka ezahlukahlukene zikahulumeni kanye nezokuthuthukisa umphakathi. Umnyango Wezolimo namahlathi, owezeMpilo (Hlabisa Hospital), Farmers Association kanye nezinye izinhlaka zazikhona ukuzogubha lolusuku.

Isibhedlela saKwaHlabisa sabe sesifundisa umphakathi ngeSwine Flu kanye nezimpawu zayo. U-Mrs MC Gumbi ongu Infection Control and Prevention nguyena owabe efundisa ngalesisifo.



Prof Nurse, Mrs MC Gumbi (Infection Control and prevention Nurse) efundia nge Swine Flu

USomlomo wesibhedlela wabe Esekhuthaza umphakathi ngokuxhumana nesibhedlela kanye nemitholampilo nangokuthi umuntu makangalokothi uphume esangweni lesibhedlela kumbe emtholampilo enesikhalazo esingabikiwe. Akagcinanga lapho wabe esekhuthaza umphakathi ikakhulukazi komama abazithwele ukuba baye emitholampilo kusenesikhathi ukuze kuzokwazi ukunqandwa izifo,ukukhubazeka nokufa kwezingane obekungagwemeka. Waphinda wachazela umphakathi ngezinkinga isibhedlela esibhekana nazo okubalwa kuzo ukuthathwa kwezitifiketi (Birth Certificates) zezingane ngokushesha isigxivizo wabe esenxusa umphakathi ukuba usebenze ngokubambisana nesibhedlela (uMnyango WezeMpilo).

# COMPLIMENTS

***Mhleli***

*Siyabonga niyasisiza kodwa sihlala isikhathi eside. Kunonesi bakwaTB, lezizingane zingashintshi zihlale ziyinto eyodwa, ufika ugulausoshekha I TB uzohleka, amahlaya azo uze ugcine usukhohlwe nokuthi uyagula e-Mtuba Fixed Clinic*

***Anonymous***

***Mhleli***

*Ngifisa ukuncoma ukusebenza kwe clinic lethu uMtuba Fixed. Basiphethe kahle abashintshi ngithi baqhubeke njalo nokusiphatha kahle*

***Gugu Nkosi***

***Mhleli***

*Ngibonga onesi basiza umtanami Ngibonga u-Sister Mathebula eMpukunyoni Clinic*

***Anonymous***

***Mhleli***

*Ngicela ukubonga abahlengikazi abaxukuzayo ikakhulu uSister Mnyandu no Sister Mathebula eMpukunyoni bangiphatha kahle Ngikhulelwe*

***Obexukuza eMpukunyoni Clinic***

***Mhleli***

*Ave benempatho onesi balapha eMadwaleni Clinic, bayakwazi ukunakekela, banenhlonipho. Ngangiqala ukufika kodwa ngathathwa njengesiguli salapha. Ave si- Clean nendawo okusetshenzelwa kuyo umphakathi. Sister Zungu ngithi unwele olude, umoya wakho kwangathi ungawudlulisela nakwabanye.*

***Mr Simon Nyawo***

***Mhleli***

*Ngibonga ukwamukeleka kahle emtholampilo wethu, nomuntu omdala wamukelwa kahle futhi abasithethisi ngamakhadi. Onesi baseMacabuzela bakhuluma ngokwakha abasithethisi . Siyabonga.*

***Mrs Ntombi Nhleko***



**Mhleli**

*Siyabonga nathi e-clinic yakithi eMadwaleni ukuthi amanesi asiphatha kahle kodwa Phambili ngo Zungu nomoya wakhe kwangathi akazalwanga lapha esazaqlwa khona sonke khona ngendlela omuhle ngayo. Kwangathi angeshintswe*

***Anonymous***

***Mhleli***

*Iservice yalapha ekhaya (Macabuzela )i-right, special mina ngi preg it a first time ngilapha eclinic, uNurse ungiphatha kahle kakhulu uSister Mathobela. Cha shame usiphatha kahle kwabakhulelwe, Siyabonga impatho enhle.*

***Mhleli***

*I just want to thank all the staff for the very wonderful service you gave us (KwaMsane Clinic). My grand mom was very sick now she's smiling*

***AZ***

***Mhleli***

*Thank you for the service, the nurses were very kind and they really helped us and they are caring. Keep it Up Msane Clinic!!!*

***Anonymous***

***Mhleli***

*Ngithokoza ukuthola ithuba lokuthi ngincome kakhulu iclinic yethu yaseSiyembeni. Amanesi asesiyembeni anempatho enkulu. Uma ugula akuphatha njengodokotela nemithi bayayikhipha awuhaleli ukuya esibhedlela ngoba usizi usuke usulutholile.*

***Anonymous***

***Mheli***

*Ngibonga ukuba namanesi asasiphethe kahle ekliniki yaseSiyembeni. Uma ugula bayasinakekela, U Sister Buthelezi unesineke futhi uyaxolisa uma kukhona abasakusebenzay siyaye sizizwe sikhululekile, unokuzithoba kithina ziguli noma esezosincokolisa maqedane afune ukusibona sihleka. Sengathi iNkosi ingambeka ngendlela alunge ngayo. Uphuma usuphilile nasemoyeni, ngimfisela izinhlanhla.*

***Anonymous***

**Lawa ngezinye zezincomo ezitholakala emitholampilo yethu ngaphansi kwesiBhedlela sakwa-Hlabisa.**

**Bhalela u-Somlomo wesibhedlela umazise ukuthi ngabe wena uphatheke kanjani emtholampilo noma esibhedlela. Kulula nje, amafomu atholakala kuwo wonke amabhokisi emibono atholakala emitholampilo nasesibhedlela lapho umphakathi ulinda khona,bese ufaka ebhokisini. Ukuphepha kuqinisekisiwe**

***uSomlomo***

# VISIT BY THE 1ST LADY OF SA MRS ZUMA (MANTULI) AT HLABISA SUB-DISTRICT

Ngomhlaka 27 November 2009, indawo yaseMtuba yaba enye yezindawo ezihanjelwe nguMama Wesizwe Mrs Zuma (Mantuli) ngenhloso yokuzokhuthaza Abantu besifazane nangokuxoxisana (women to women). Lokhu kwakungumkhankaso wokulwisana nokuhlukunyezwa kwabantu besifazane kanye nezingane. Lolusuku lwabe lusendaweni yesizwe sakwa—Mkhwanazi (Mpukunyoni Tribal Authority). Ngalolusuku iminyango eyehlukahlukene kahulumeni yayihambele lomcimbi ngenhloso yokuletha usizo emhlakathini nakubantu abaludingayo. Umyango wezempilo (Hlabisa Hospital) nawo wawulethe usizo lwezempilo okubalwa kuwo, ukuhlola amehlo, I –BP, isifo sika Shukela, amazinyo, amathambo, ukuhlolela umdlavuza wesibeletho, isifo sofuba, ukuhlolela igciwane lengculazi, ukuhlela umndeni nokunye. U-Nursing Manager (Mrs S.R. Mtshali) wathula inkulumo ngokwezempilo lapho wagcizelela khona ukuthi Abantu mabangaqiniseli uma kukhona abangakutholi kahle emizimbeni mabaphuthume emitholampilo, " Kubalulekile ukuhlolela igciwane ngoba lingumthakathi omkhulu onganukwayo" washo lamazwi ekhuthaza Abantu ukuba bahlolele negciwane lesandulela Ngculazi.



Inkosi Yesizwe sakwa Mkhwanazi (Mpukunyoni Tribal Authority) nomama weSozwe Mrs Zuma (uMantuli)



Mrs Biyela & Ms Khanyezi bebhalisa umphakathi owawuwohlolwa izifo ezahlukene

UMama wesizwe yena enkulumeni yakhe wakhuthaza Abantu besifazane ukuba bazimbandakanye emisebenzini yezandla nakuma-Co-ops ukuze bazokwazi ukumela bangazibukeli phansi futhi bathandaze. Wabe esebeka umfanekiso wenja ukuthi ihlala iminyaka phansi kwemoto efile engahambi ingayikhonkothi kodwa mhla yaqala leyomoto yaduma nayo iyaqala ukuyikhonkotha okusho ukuthi omama mabangazibukeli phansi!! Waqhubeka enkulumeni yakhe lapho anxusa omama nentsha ngokuziphatha wakhuza nomkhuba wokukhulelwa kwezingane ezincane (teenage pregnancy). Wanxusa kakhulu abazali ukuba baxoxiswane nezingane ngezindaba zocansi lokho okulekelela kakhulu ukuthi izingane zingaze zifunde ezinto ezimbi ngaphandle noma zidele ngoba into isiyenzeka kuzo. "Amaphutha amaningi enzeka ngesikhathi umuntu esakhula kanti futhi amanye awo awalungiseki agcina esebulala ilikusasa lengane"…. Wanxusa omama ukuba mabahlukane nokuvuka ekuseni balibale izindaba baze bakhohlwe ngisho ukunakekela abayeni babo ngenxa yezindaba. " Iminyango ivulekile, uma nihlangana nibe I—co-op ningakwazi ukusungula i-project eniyibonayo ukuthi inganilethela inzuzo bese nicela uxhaso kuHulumeni nikwazi ukuziphilisa nemindeni yenu… Kuyizihambeli ezazikhona kwakubalwa kuzo noS'dumo owajabulisa isizwe ngeculo lakhe (Khongo Mame…)



Abantu babegcweli bemi ngaphandle kwehholo belalele inkulumo kaMama Wesizwe



Joe Mofela owaziwa ngelika S'dumo ejabulisa izihlwele ngeculo lakhe namahlaya.

# VISIT AT MACHIBINI AND SOMKHELE CLINICS BY MEC

On the 3rd of December 20098, Machibini and Somkhele Clinics which are the clinics donated by RBM in partnership with the Department of Health were visited by MEC for Health, Dr Sibongiseni Dlomo.



MEC Dr. Sbongiseni Dlomo with the Operational Manager of Machibini Clinic



MEC Dr. Sbongiseni Dlomo with the Operational Manager of Somkhele Clinic



Community at Somkhele could not believe it when seeing the MEC at Somkhele.

The structure of Machibini Clinic was donated by RBM in November 1994 functioning in March 1995. It was a small 3 roomed house. One room was used as a medicine room, the other one as a general storeroom and the last one as a both the consulting and waiting room. Although it was a small but it managed to get health services off the ground. Almost all the essential services were provided including emergency deliveries

In 1997 the Provincial Dept started constructing a bigger building which started functioning in 1998.

Even though the new building made a big difference in terms of space, but there was still a need for more space, which is why Africa Centre donated a 4 roomed parkhomes in 2007.



Inkosi Mkhwanazi shaking hands with the MEC , Mr Mbongiseni from Africa Centre, Ms Themba from the District Office

Somkhele clinic was donated by RBM in October in 1995 when the Zulu Village was no longer possible Somkhele clinic came as a counter offer to Machibini clinic. This was a one room space with shelves only.

An additional building was built to enable the Zulu Village to function as a clinic. In August 1996 the clinic was handed over the Regional Director of Zululand District.


The clinic was further upgraded by Africa Centre. The clinic started functioning in September 1996. Utilizing the hospital staff and equipment from the hospital and other clinics.

The MEC started at Machibini Clinic then to Somkhele Clinic where he went around the clinic with the Operational Manager of the clinic who was showing him around the clinic. Inkosi, Induna, Local Councilor, Clinic committee members, Traditional Healer, Representatives from Africa Centre, RBM, District Office and staff of each clinic got chance to chart with the MEC. The MEC thanked both clinics for the cleanliness and liked the gardens in the clinics as they are leading by an examples to the community.

# R.I.P. 2009

Hlabisa Hospital have lost 11 employees including clinics who passed away in year 2009. The hospital passes a condolences in their family members and loved ones

1. Maxase A.T.— 09/03/2009
2. Bhengu R.N.D.—04/01/2009
3. Dube P.S. - 18/04/2009
4. Xulu S.P.—29/05/2009
5. Mdaka J.T.— 03/06/2009
6. Mpungose P.Y.—25/06/2009
7. Nene S. C.— 26/07/2009
8. Ngobe S.F. - 18/08/2009
9. Mdletshe T.N. - 03/11/2009
10. Ngcobo S.J. - 15/12/2009
11. Mchunu S.E. - 199/12/2009



# RETIREMENTS FOR 2009

1. Zitha S.M. 31/01/2009
2. Mashiya S—03/02/2009
3. Nxumalo S.W.— 28/02/2009
4. Buthelezi S.F.— 31/03/2009
5. Nxumalo T.S. - 30/04/2009
6. Zungu T.A. - 30/04/2009
7. Zulu P.P. - 30/04/2009
8. Mbuyazi B.E. - 30/04/2009
9. Zungu M. - 31/05/2009
10. Mngomezulu C.T. 30/06/09
11. Hlabisa J.T. - 30/04/2009
12. Uledie M.S. - 30/06/2009
13. Ngubane M.A. - 31/07/2009
14. Mndaweni T.B. - 31/08/2009
15. Sithole S.H. - 31/08/2009
16. Ndlovu A.T. - 31/08/2009
17. Xulu T. - 31/08/2009
18. Ndlela S.H. - 31/08/2009
19. Van Den Ham - 31/07/2009
20. Zemeering - 21/09/2009
21. Nsibande T.H. - 30/09/2009
22. Nsimbini N.S. - 30/06/2009
23. Mlambo N.G. - 31/12/2009
24. Fakude M.H. - 31/12/2009

**Uma umuntu kuthiwa "akhule aze adle izinyoni zabantabakhe" kusuke kushiwo khona lokhu. Niyadela nina, nize niphumule kahle nemindeni yenu!!! We still love you**





# INKONZO YOKUVALA UNYAKA KA—2009



Indumiso yayisho phezulu  wonke umuntu ezibongela

## YABA IMPUMELELO INKONZO YOKUVALA UNYAKA!!!

Ngomhlaka 30 December 2009 abasebenzi besibhedlela sakwa-Hlabisa babenendumezulu yenkonzo yokuvala unyaka lapho abaphathi nabesebenzi beabebonga khona konke uNkulunkulu abenzele khona ngonyaka ka 2009 futhi bebonga nokungena ku 2010.

Lenkonzo yayise Sontweni (Charpel) khona esibhedlela ngaphakathi kanti nabasebenzi bazizwa bebusisekile ngokuba khona kwalenkonzo. Umphathi wohlelo u-Mrs  P. Ntshangase akaliyekanga ithuba lokubonga izibuziso nakho konke u-Nkulunkulu akwenzele isibhedlela saKwaHlabisa nabasebenzi umuntu ngamunye.

Kubafundisi ababekhona kubalwa kubo u Rev Mabaso obesuka e – Thekwini, Rev. Buthelezi owayehamba nomama wakwakhe, kanye no Rev Mhlongo. Kwaba inkonzo evuselela futhi ikhumbuza ngonembeza futhi nokubonga ukuphila kuze kuphele unyaka ka 2009.

Umculo nendumiso kwakusho phezulu, u-Jobe naye wayengazishayi izinsimbi wayezixavatha lapho indumiso nayo isho phezulu. Kwathi lapho intokazi u Miss Slie  Khumalo esho ngephimbo lakhe (Solo) onke amakhanda amvumela, ubona ngokunyakaza ukuthi nabo bayizwa emithanjeni lenkonzo enemilayezo eyakhayo.

Umphathi sibhedlela wabe esebonga bonke abasebenzi ebafisela unyaka omusha omuhle nonezibusiso waphinda wanxusa abazobe besebenza ukuthi beze phela emsebenzini!!.



Ms Slie Khumalo owayesho ngephimbo lakhe  (Solowist)



Umculo nenhlokomo yayisho.

